



agriculture & rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

KZN Department of Agriculture & Rural Development
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson
Tel: 033-3559300 or 0832340475

Fax: 033-343 8255
Toll-Free: 0800 000 996
Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

INKULUMO KANGQONGQOSHE WOMNYANGO WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU- NATALI, UMNUZ THEMBA MTHEMBU, AZOYETHULA EMHLANGANWENI NABEZINHLANGANO ZABAFUYI EJOZINI

ULWESITHATHU, 27 JULAYI 2016

INDAWO: BHAMBANANA COMMUNITY HALL, JOZINI

Mphathi woHlelo

Amalungu eKomidi elibhekele ezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eSishayamthetho

IMeya yesiFunda Umkhanyakude, uKhansela S.J Vilane

IMeya yaseJozini, uKhansela B.N. Mthethwa

Amakhansela akhona

Inkosi yeSizwe sakwaNyawo

Amakhosi onke akhona lapha

Inhlangano yabafuyi baseJozini

Abalimi

Abaholi boMphakathi

Abasebenzi boMnyango

Bafowethu noDadewethu

Izindawo eziningi lapha esiFundazweni sakithi KwaZulu-Natali nasezintabeni zase-Drakensberg zigubuzelwe yiqhwa. Ababhekele ezesimo sezulu bathike lezi yizindaba ezimnandi ngoba kusho ukuthi impela sekuwukwedlula kwesomiso. Bayaphinda futhi ochwepheshe bezimvula bathi singalindela izihlambi zemvula kusuka ngo-Okthoba kuze kuyoshaya uMashi wangonyaka ozayo.

Siyazi ukuthi abafuyi bashayeke kakhulu kulesi somiso esidlangile kodwa sekulokoza inhlangisi yethemba manje ngekusasa.

Iminyaka embalwa yakamuva ibe ngenzima kakhulu kwaze kwadingeka ukuba uMnyango ubhukule impela ukuze utakule abanikazi bemfuyo ababhekene nesomiso. Uyabona nje lapha eJozini uMnyango ukhiphe imali engango-R4 million uhlinzeka ngezinsiza zokubhekana nesomiso. Kuthengwe amabhele ezinkomo, imijovo, imikhumiso namathango oJojo aphatha amanzi angamalitha angu-5000 ithango lilodwa.

Lolu sizo selube nomthelela omuhle kakhulu kubalimi bendawo. Nakuba sinzima lesi somiso kodwa ngithokoza kakhulu ukuthi nikwazile ukubamba izindali zezinkomo lapha enkambini. Ngikholwa ukuthi imali enikwazile ukuyenza emahlandleni amahlanu ezindali enibe nazo ifinyelelele ku-R4 million. Anginibonge bafuyi ngiphinde ngituse nabasebenzi boMnyango engiwuphethe naboMnyango wokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya nokuBuyiswa kweMihlaba ngokuba yimpumelelo kwalezi zindali.

Angithathe leli thuba ngibonge kakhulu nje bonke abalimi nabasebenzi basemapulazini. Nakuba nibhekene nezinsalelo ezinhlobonhlobo nsuku zaphuma kodwa niyaqhubeka nilima futhi ninakekela imfuyo yenu empeleni niqikelela ukuthi ukudla kuhlale kukhona esizweni. Ngibonga ngokukhulu ukuzithoba kini nonke bafowethu nodadewethu enibambe iqhaza kulo msebenzi obaluleke kangaka.

Njengoba ngilapha eMkhanyakude namuhla injongo yami ukuba ngizobheka ukuthi imisebenzi yokulekela abafuyi kulo ngaphansi kwalo masipala isihambe ibanga elingakanani kuze kube manje. UHulumeni oholwa uKhongolose uhlale njalo ukuqonda ukuthi ukuze kuthuthuke abalimi abancane kuyodingeka ukuba kutshalwe ekuthuthukisweni kwengqalasizinda ezindaweni zakithi emakhaya.

Umsebenzi omkhulu osuwenziwe nguhulumeni futhi oyingqayizivele kulesi siFunda kube yilowo wokwakhiwa kwesakhiwo samadela eBhambanana. Lama dela azoba wumzila ozohlenganisa abafuyi bakule ndawo nosomabhizinisi enyama futhi inhloso yayo ukuba kugququzelwe abafuyi ukuba bakwazi ukuphatha umkhakha wemfuyo ngendlela ezuzisayo.

Lo msebenzi sekusele kancane uphele njengoba u-90% wokwakha usuphothuliwe. Kule ndawo kwakhiwe indawo yamahhovisi, indawo yamadela, indawo yesiqandisi, indawo kanogada bese kuba yindawo yokuhlala igenerator. Ezinye izinto ezikhona ngamathango, amaborehole, indawo yokucina izikhumba, izindawo zokushintsha, imibhede yesitimu, izibaya, yindawo yokwemukela imfuyo, ucingo lokubiya nemigudu yokulawula amanzi emvula.

Isiyonke imali esingathe lo msebenzi ilinganiselwa ku-R60 million futhi ukwakhiwa kwayo ngempumelelo kube ngenxa yokusebenza ngokubambisana phakathi koMnyango nezinye izinhlobo okubalwa kuzo uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi, owezoHwebo neziMboni eKZN, owaziwa ngokuthi yi-TIKZN, uMasipala wesiFunda uMkhanyakude nenhlangano yabafuyi yaseMkhanyakude.

Okwamanje uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya usembhidlangweni wokuthola lowo ozobambisana kulema dela ukuze asebenze ngendlela efanele.

Lo msebenzi uzozuzisa abantu abangu-6120 futhi kulesi sibalo amaphesenti angu-40 ngabesifazane. Kuvuleke amathuba emisebenzi engu-60 kanti

kubhekwe ukuba kuphinde kusunguleke amanye ayikhulu ukuze kuqasheke abantu basendaweni uma amadela eseqalile ukusebenza ngokugcwele.

Nonke niyasazi isikhungo sokudayisa imfuyo iJozini Livestock Centre. Inhloso iwukusiza nina ngalesi sikhungo ukuba nikwazi ukuba nendawo yenu yokuhweba ngemfuyo futhi nizenzele inzuzo.

Lesi sikhungo siyingxenye yesu lesiFundazwe lokuphucula umsebenzi wokufuya esiFundazweni. Inhloso yokuba kube khona lesi sikhungo ukuba kusizakale abafuyi ukuthi babe nolwazi ngokufuywa kwemfuyo, ukuphathwa kwamadlelo nokuthuthukiswa kwempilo nokuzalaniswa kwezilwane futhi kuncishiswe izifo.

Okwamanje iNingizimu Afrika iphambili ekudayisweni kwenyama okuhlanganisa eyenkomo, eyemvu, eyengulube neyenkukhu idayiselwa amazwe angaphandle. Noma kunjalo, isiFundazwe singakwazi ukugxila embonini yemfuyo futhi sikhiqizele izakhamizi zaso bese eminye imikhiqizo siyise kwezinye iziFundazwe nasemazweni angaphandle. Ngokwesibonelo, abafuyi abancane eKZN bazinkomo ezibalelwa ku-1,5 million lokhu okusho ukuthi laba bafuyi bangabanikazi bemihlambi engakhiqiza inani lenyama yenkomo elingu-55% ezimakethe kodwa okwamanje bafaka nje umnikelo nje ka-5%.

Ukuze kuxazululwe lesi simo, izinhlelo ezibhekele ukukhiqiza inyama ebomvu sezenziwe ikakhulukazi eJozini ukuze kufukulwe abafuyi ababencishwe amathuba. UMnyango wezoLimo wethule izikhungo zezindali eJozini naseManguzi ngaphansi kohlelo lokuthuthukiswa kwengqalasiza. Isikhungo saseJozini sathuthukiswa ngo-R5 million.

Ngiyathanda kuleli qophelo ukuba ngibonge iNkosi yakwaNyawo nesigungu sayo ngokuba inikele ngomhlaba enhlanganweni yabafuyi ukuze kwakhiwe isikhungo sohwebo. Kwangijabulisa ukwazi ukuthi lo msebenzi usuhlomulise abantu abangu-2800 futhi kwasunguleka amathuba emisebenzi angu-55 emphakathini.

Uma amadela asevuliwe, inkambu yendali izoba matasa kakhulu ngoba izosetshenzelwa ukunonophalisa imfuyo ngaphansi kokuba iye emadeleni ukuyohlatshwa kuthengiswe inyama.

Ezinye zezinhlelo ezizokwenziwa kule ndawo yilezi:

- Ukwakhiwa kwezindawo zokukhuluphalisa izinkomo ngaphambi kokuba ziyiswe emadeleni.
- Ukuhlinzekwa ngezinhlelo zokuzalanisa imfuyo ngenhloso yokuba kutholakale uhlobo oluzokwemukelwa yizimakethe
- Nokuba kubhekwe indaba ye-Heifer

Ukwakhiwa kweJozini Livestock Centre kuqhamuke ngemuva kobambiswano lwezinhlelo ezahlukene okuhlanganisa iHeifer SA, uMnyango wezoLimo, uMasipala waseJozini, uMkhandlu wesizwe sakwaNyawo, uMnyango wokuThuthukiswa kwezoMnotho eKZN, wuphiko loMnyango wezoLimo i-Agriculture Development Agency (ADA) ne-TIKZN.

Ngithanda ukuba ngiyibonge inhlangotho yabafuyi bakule ndawo ngokuba ibambisane nathi kulo mshikashika. Ngiyacela, Asiqhukeni sibambisane ukuze sakhe umnotho wakule ndawo. Izindali esenzenziwe zikhombisa ngokusobala lokho le ndawo engakwazi ukukufinyelela futhi siphumelele ukukwenza.

Uma izimvula zibuya ngo-Okthoba, njengalokhu kuqagula abezimo zezulu, siyoba sesimweni esihle sokuthi siqinise ukusebenza kwemboni yemfuyo eJozini. Asisebenze ndawonye siwuhulumeni, abalimi, nomphakathi ukuphumelelisa leli phupho. Uhulumeni uzibophezele ekuphuculeni imboni yemfuyo ezindaweni zomphakathi njengalokhu sibona lokhu kuwumgogodla embhidlangweni wethu wokuqeda inhlopheko futhi sakhele abantu bakithi impilo engcono.

Ngesonto eliphelile bengiseMzimkhulu lapho sethule khona izakhiwo ezine ezizosetshenziselwa ukugunda izimvu nesakhiwo sezingulube. Ngitshele abalimi nabafuyi bakuleya ndawo ukuthi thina njengohulumeni sizimisele ukusebenzela ukuthi sithuthukise ezolimo ukuze silwe nondlala nobuphofu. Lokhu kusho ukuthi kumele sakhe amathuba angcono emisebenzi futhi siqinisekise ukuthi senza izindlela zokuziphilisa ezihlala njalo. Yilokhu esisebenzela phezu kwakho lapha eJozini.

Ngaphandle kwezinkambi zezindali, uMnyango utshale imali engaphezulu kuka-R6,5 million emisebenzini yezolimo kulo masipala. Le misebenzi ibandakanya ukutshalwa kwamantongomane kwaJobezineshe. Kukhona futhi iVukuzakhe River Valley Irrigation esiza ukutshala imifino; ukwakhiwa kwamadamu amabili okunisela nama-borehole eJozini. UMnyango uyakweseka futhi ukusebenza kwe-Isihlibhi ekhiqiza inyama futhi uzibandakanye ekuthuthukisweni kweMlube Livestock Feedlot.

UHulumeni waKwazulu-Natali unalesi siqubulo: ukuthi unguhulumeni odlondlobalayo, othuthukayo futhi onakekelayo omehlo awo athe nje ekusaseni. Lapha eJozini isibophezelo sethu, yilesa sokuba silethe impilo engcono kubantu bakithi. Ngiyabonga